Abantu

NEMIKUBA YABO
BENGAKAFIKI
ABELUNGU.

Lowo'mzuba wobututa pela owabe wenziwa ngamabuto, ususwa izinhliziyo zawo ezikumbula konke ababe kukuluma befunga pambi kweNkosi yabo, beti yibo abaya kuhlula abanye ngempi; kwati-ke ngenxa yokungayifunyanisi kwabo imi, basebesuka beyakuziponsa emeveni.

Kute-ke ngangomuso, is'ipenduka lena eyabe ngu ebe ihlasele eMangeni, nayo lona yabantu esuka ngas'emZinyati, yagudulana eduze nje, kayaze yabe isaba kona eqala enye pakati kwayo, ngoba yase ikstele yombili, nalena yabelungu is'ipelelwe izinhlamvu; yase iba magu ala-mabili yonke. Nanso-ke eyabantu isipanga yonke into eyabe ilapo kwe ente eSandhlwana, yadidinga, kwaba il wo ways emzini wake kungati kababanga bangaki abasuka lapo baqonda kwomKulu enkosini.

Wati lo'mzila opume waqonda ngas'. Etshowe owabe ungowo Mxapo kanye nenhlangunisela yamabuto, wayilwa qede, abelungu bati uba babone ukuti luzakubaminya uSutu, bemba umgodi pansi es kaniseni, kababe besahamba. Yati uba ibone loko eyabantu yahlala njeya nayo yabalinda, kwahamba izitunywa kupela ezaya kubikela inkosi.

Kwabanjalo-ke ukwenza kwaleyo'mpi ka 1879. Kwati ngokuvinjezelwa loko, eyabelungu yahlala lapo eWombane kungati amasonto amane, inganyakazi ihlezi ndawonye. Kuyo yonke leyo nkati engako kwabe kusey'ilo njalo ituba lelo lika Sobantu, ukuba atshwelezele uCetshwayo, owabe eyekubulawa engenzenga lpto noluiodwa olubi. Impela uSobantu wabe elwa naye lapa Ekukanyeni, enxusa kwomkulu ukuba kupele akulwe; noko akubange kusavumeka lolo.

Kuliwa njalo amanxusa akwaZulu eyafika njalo ku Sobantu; kepa yena wabe evaluleke wawadonsa ngendhlebe eti: "Anoyitshela inkosi niti loku is'ilwa nabelungu, makuze kuti nonxa nibaxotshite, ningadhluli emnceleni wezwe lakini; anobaxotsha qede nifike nime emnceleni ningadhluli, kona ngiya kukwazi ukuyipendulela nami inkosi; ngoba akusayikwenza ukuba nibanqobe nya; ngiyazi ukuti nonxa ninamandhla kakulu kayakugcina ngokunahlula".

Ukuluma lawo'mzawi njalo uyaiwa ute ngi upendulana no Sir Bartle Frere. Ngoba pela kababaningi ababe naleyo-nhliziyo ka Sobanto, abahaukela umunto ohlupekileyo ososizini; ngipika bona abafundisi laba, esiti tina balungise banomunyu wokuraukeia abantu bonke. Ake ufunde lapa Luke x. 30-37. Po-ke, angimangali nakancane ngabafundisi, ngoba neNkosi uqobo nansi isifundisa ngabo. Inxa uzibike usizi lwako kumfundisi, uzakukupendulula masinyane ati, "Aku'ndaba yami lena, yindaba yegazi, okufanele ukuba uyibikele amakosi akusize wona; mina anginawo amandhla okukusiza". Lawo'mzawi kawasuki enhliziyweni yokungahauki, yokungabambi luto kulawa okufundisa kweNkosi, okuti: "Tanda owakelane naye njengaloku uzitanda?" Yena uSobantu wab'efuze ibizo lake enguyise wabo bonk'abantu ngitaho abanjani nabanjani; waza wageina ngokufuzwa nang'abantwana bake; lase liqina-ke izwi lakiti las'endu lo lokuti. "Ucwebile, Ucwebile, Ucwebile: Nkosi Nkulunkulu wamaBandhla. Izulu ligcwele nomhlaba: ubukulu bobukosi bako. . . Imp edumileyo yaba Martire idumisa wena".

Aba Martire laba-ke yibo laba abafe la ukulunga belwela abanye abablupekayo. Engiti mina, po, inxa bona aba fundisi bengayilandeli nje inkosi yetu, basifundisa ukutini? Amazwi abafundisi, kumbe, siwezwa ngamaSonto onke, lapa bekuluma besiluleka; siti sipuma endhlini yeSonto besesikushiya loko abesisiluleka ngako, sizenzela imigidi yetu—emihe nemibi—njengokujwayela kwetu.

INHLOKO XIV.

Yebo-ke: kwat'uba apele lsw'amasonto amane abelungu besaloku bevalelekile eWombane, kwezwakala ukuti sebayeza ngomzila ese uqamuka ngenhla, owabe upetwe nguLukuni (Sir Evelyn Wood). Wati uba ayizwe uNdhlamvuzo, wayihlomisa eyake; wayinika uNdunankulu uMnyamana ka Ngqengelele, wati mayipatwe nguye namuhla. Mzukwana iti uba ifike ipelele kuye, wakuluma nayo ngalawanazwi okuti: "Nize ningayi kubelungu lapa bengenise kona. Nize nihlale ningasondela kubo, ukupela nize niye kubo lapa besombulukile behamba; ngoba inxa niya emgodini lapa sebembe ko na, bayakuniqe la nonke." Emva kwokuyiyala wayitukulula umfo ka Mpande ka Senzangokona, yahamba.

Kute uba ifike, abaQulusi batumela empini yakubo lena efikayo, bebabizela ukuti maihlome ngamandhla, ngoba abe lungu badundubele pezu kweHlobane; kahle impi ibahlanganisele pakati bonke bese pezulu, ibaqede. Kepa uMnyamana nezindona, sebenolimi nabo ngakubelungu, wakufihla loko kaz'awa tuela amabuto. Kute ngangomso kwa ba yikona bekuvezayo loko empini. Ya tuba ikuzwe loko yahloma yonke yapalala ukuya kona lapo eHlobane. Ite isifika lapo eHlobane basebehlile abelungu abaningi, sekusele abanye. Mdhlako kwahlabana intombi yakwaZulu, eyabe ihlezi nenye zicatshile kepa zihlosile naso. Zite zisahlezi lapo, zezwa umlungu chamba nabanye ekuluma eti: "Umuhle, Hlobane, ufana nasicoco sagododa."

(Ku MHLELI we "Langa")

Mngane,—Ngicela baba wena mpati weLanga ukuba ungifakele lendaba etokozisayo kimi, eyenziwe abafana base Taleni abafunda kona lapo Ohlange kumuntu wakubo onstndu. Kute ngo mgqibelo odhlule April 15, 1916. ngedhlula eNkantolo eNkandhla ngiyisiha mbi ngizihambela ngamabhizi ami Ngezwa abantu nabelungu beti kuzofika i"Choir" ibizwe inkosi uMr T. A. Jackson iMagistrate yakona. Ngati nami loku sekungu "7 o'clock" ewashini ske ngikumule izinkabi kengizwe ukuti kuzokwenziwani. Kute kusenjalo ngabona sebefika begibele bebane ngase ngizwa sokutiwa yibona laba, bese bebizwa njalo sekutiwa, senipelele na? Bati, "yebo". Ngati mina loku bayingcozana nje ngizoke ngizwe. Ise ikale insimbi abelungu bagcwale swi. Nami ngime eduze ngilalele. Beqale ngeleti "We Bid you Good Evening," bashaye ihlombe bonke bati, "Encore." Baqube njalo kukuhle kakulu impela besho into epambili umuntu engasho ukuti bane eti baningi. Imali lapo yase igcwele itafula, kube kuyaste uzwe "Encore" loku baqala ngo 8. P.M. kwaze kwangu 10.30 P.M. zisho izingane ezafundisweyo. Kute sebehlabelele angu 20 amagama kwabuye kwatatwa imali. Babuye bahlabelela futi amagama amaningi impela engingazi ukuti abamangaki. I solo lase likwele pezu kwelinye, lapo sekukuhle kudelile. Amanye abelungu babeze baququmbele ngezicatulo pansi. Kwamanye basukume bahlabelele kanye ne"Choir". Kulamagama anjengaleli elaliti, "It's a long way to Tiperarry." Amanye ayemnandi ngangoba futi ayehlekisa. Abahlabeleli kwaku ngu Mr. Jeremiah R. Nsibande, Benjamin Mhlongo, Samuel R. Dhladhla noEmmanul L. Mhlongo kupela. Babesho into engingakaze ngiyizwe seloku ngaba kona lapeTaleni.

Kwati ngo 10.30. P. M. kwapela ukuhlabelela ngegama eliti "God save the king." Yasukuma inkosi uMr. Jackson yabonga yati nangomuso iyobabiza, bahlabelele kahle kakulu. Yati iyobiza nezihlobo zayo ezikude kezizo kuzwa ukuhlabelel sokumnandi okwenziwa abantu abafundisiweyo. Angikaule Mhleli ngiyabonga weno wohlanga. Ngenziwa ukujabula okwenziwa abantu bakiti.

ISIHAMBI.

(Ku MHLELI we "Langa")

Mngane,—Baba, ngicela indawana epepeni lako elidumileyo; ngipunge nank'umhlola ungehlele, futi ngazise nomuzi onsundu njengopane kubonakele lapa epepeni lezindaba. Incwadi enohla lwamagama, anegama elisainwe incwadi leyo enohla lwamagama, lika S. Nzama eti uvumelana no Gundabesutu kanye nalololuhla lwamagama.

Eh, mziwakwetu elami lelogama, kepa isimangaliso ngoba angimazi umuntu ongu Gundabesutu ukuti ngubani, owapi, nalapo kwakupetwe kona kabi igama loMongameli uDube ukuti kwakukuyipi indawo. Labelipetwe kabi nje kwenzenjani, mziwakwetu? Yebo, eyibhalwanga yini ukupela enginganitshela kona ukuti isonakali sesiganqi, kakulu kwabaqonda igama lami kahle, nabangangaziyo mina uqobo ukuti akuso mina engaloba leyoncwadi angiyazi. Futi ngabonana nabanini balawo magama abonakala epepeni, nabo bamangala lapo sebezwa nami ngizilandulela ngoba bona bube ngangabazi ukuti yimi engenze loku, ngoba babona igama lami elasainiwe kuleyoncwadi. Poke mziwakwetu niwazi amasu esonakali ukuti maningi, sizama ukuba singabonakali. Nami ngiyasifuna lesisonakali esonakele ngegama lami. Ukupela muzi onsundu ngiyazilandulela njengoba niyibona lenhlokwana engenhla ekuqaleni eti, "Ufihle igama lake ngelami." Kunjalo namike ngisazozifundela kahle lendaba ungacabangi mlisa ukuti aubonwa muntu. Buyakubona utshani ngingene enkosini.

Lendaba yabonakala epepeni lomhla ka March 24, 1916. Tetelela Mhleli ngokwelula.

S. NZAMA.

P. M. Burg.
20-4-16.

Imitambo Nokudingeka Ukwenziwa Kuyo.

Asicabangi uma imitambo yetu ihamba kahle ukuti konje loku kwenziwa yini, kodwa siye sikumbule uma ku ukuti sifuna uma sizisize sekufikile ngaleso sikati. Noma ungaya kumupi udotela uyokutshena ukuti uma ungapili ngohlobo olunjalo kwenziwa igazi lako ngoba alisalungile. Manje ke kuyabonakala ukuti ama Pink Pills ka Dr. Williams angumlungisi wegazi nemitambo.

Uma ku ukuti imitambo yako ibuhlungu kungokuba ayitoli igazi elaneleyo ukuba ilitole. Ama Pills ka Dr. Williams aka imitambo anike negazi elaneleyo futi kuyona, aqinise, aqede nobuhlungu. Ngokugcina igazi lilihle ngokusebenzisa amaPink Pills ka Dr. Williams kwenziwa ukuba emitanjeni kuqine, kupume negazi elibi elikade libakona. Kubantwana amaPink Pills ka Dr. Williams avimbela ukuduma kwesisu.

Qalake ukuqinisa imitambo yako namhla. Namupi umtengisi uyokunikn lomuti, uma utanda ukutumela ku Dr. Williams Medicine Co., Long Street Cape Town, ibhodhlela lilinye libiza 3s. 3d. eyisitupa abiza 17s.

ZIYAUVELA IZINGOZI.

Kungenzeke ukuvimbela izingozi kodwa akusiko ukuti kungenzeke ukuyihlinzeka. Amafuta obuhlungu ka Chamberlain kawe e sikwama sikabani uma unegabha lalesisigcobo ulungele ci-sh'ukuba yonke into. Atengiswa yibo bonke abatengisi.

(Ku MHLELI we 'LANGA")

Ngicela induwana epepeni lako elidumileyo, ngisuswe umfo wase Nyangeni ngendaba yentonga yami. Iwisa lami lelo Gqainyanga kuyangahlula ukutata induku yomdoni. Mamo Gqainyanga!

Ngikumemile ukuba siqonde eGoli emdhlalweni owenziwe uMafukuzela ngokuba ngifuna ukuba siye kojaha kona sengipumile nasekaya sengiqonde emdhlalweni. Ngizoke ngolala ngalapa e Bandhlabatwa kumnumzane uHosia Dube ngoba ngi qonde ukuya kobona u Mafukuzela ngokuba use Johannesburg kuwona lowomkosi omkulu. Baya ja bula abase Jozi. Kepake ngi panjwe izwi ngoba uGqainyanga bese ngimmemile sengimuzwa eti uya emdhlalweni eMkambatini. Memo Gqainyanga! penduka ngapo usuyakun gifica eNewcastle ngokuba bengi qonde ukuba ngi lale kuKubheka. Wo, kangazi uma ngipumelele emkuhlaneni ngetemba ukuti ngo 26 ngobe ngi se Goli, iNyati ibuzwa kwabapambili. Konje eLangwane amapasi asabuzwa yini? Ngiya bona ukuti sobe sihambisana nowaka Lutuli. Mamo! we Gqainyanga, nansi indoda isinunusela ngenyoka ifile sesize sapedaka izitutana nje. Ngizwa sengati. eTekwini kukulunywa indaba yaseTekwini abanomzane base Tekwini abamhlope. Sala kahle Mhleli.

Imina njalo.

F. M. XULU.

Ingozi Yobusuku Obumakaza.

WONKE UMUNTU UDINGA UPEPS WOMPIMBO NESIFUBA NAMAPAPU.

Lapo ubusuku obumakaza busifica singazelele ukupala kwendhlela yokutiya ukukohlela nemikuhlane, nokuvimbela ingozi enkulu emapatshini, ukwencika ku Peps, amaqagana amasha apefumleka kahle aqanjwa zinyanga zemiti zase Britania.

Okuyiwona mqondo ungasemva kuka Peps owenza ukupumelela kwawo ckukulu kangaka, yikuba uye afinyelele ezitweni ezingapakati ezitintekayo inxa umuntu esuke eguliswa ngumpimbo nesifuba.

IPeps ngenxa yomuti otunqayo okuwo onke amaqagana uye usebenzise amandhla awo wehle ngapakati kwezimbobo zokupefumula, lapo kungangeni luto oluningi nolujiyileyo. Amagaqa ka Peps ayisa amandhla awo adambisayo napilisayo aye afike emapashini uqobo kone kuyakuti noma ngabe kukona ubutakataka obuqalisayo bufike kulwe nabo; izindenda ezivimbe ezimbotsheni zikaqoqoqo ziyasuswa ngiso lesisipanzi esipenyayo, zikishwe ngezindhlela zaso, nayo yonke imitambo eyenziwa buhlungu bokupindapinda ukukohlela iyatanjiswa idanjiswe.

Ngalelocebo lika Peps lokupefumula kutolakala umuti omuhle kakulu wokwelapa ukuminyana, nomkuhlane wompimbo, futi naseku zivikeleni ezifweni ezesabekayo ezivezwa ngamagciwane (germs) ahogelwa angene emzimbeni lapo kugulelwa kona.

AoPeps abanangozi nakanci, ayiwona muti ofuzekayo, opolile ohlaba enyamekuzo zonke izifo zompimbo nesifuba namapapu ezelashwa ngemiti yasekaya-Atengwa kubo bonke omkemisi nabezi. tolo ngo 1s. 6d. noma 3s. 6d. ngedosha. Utunyelwa nangeposi ngawo lawoma. nani ngao Peps Co., 9 Long Street Capetown.

PEPS for COUGHS COLDS & BRONCHITIS

Amanani Ezincwadi Zokucula

Mngane,—Sivajabula ukukunikeza lamanani etu namhlanje sikucela ukuba ukete incwadi oyitandayo utumele kitina kanye nemali.

Amananike ami kanje:—

	Intengo.	Ngeposi.
Amagama abantu J.L.D.	2/-	2d.
British War Songs, 1/6	2d.	Blackbird Song Book, 4d. 1d. Choral Praise, 3/6 7d. Christian Choir, 3/6 4d. Choral Leaflets No. 7. 1/6 2d. Congregational Anthems, 3/6 4d. Church Choralist, 3/- 4d, Children's Hosannas 3/6 6d. David, 1/- 1d. Daniel, 1/- 1d. Esther, 1/- 1d. Francis & Day's 34th 1/6 3d. Fifty Minstrel Song' 3/- 6d. Fifty Gems Scottish Songs, 2/6 4d. Feldman's Giant Budget of Songs. 2/- 5d. Gospel Choir, 4/- 6d. Gospel Harmonies, 2/6 5d. Globe Song Book, Folio, 2/6 3d. Haymakers, 1/- 1d. Izingoma zabasha F.M.C. & J.J.D. 1/6 2d. Izingoma zabasha, 1/- 1d. Izingoma zabasha. 6d. 1d. Joseph. 1/- National Vocalist, 1/- 2d. National School Song Bcok, 6d. 1d. Reporter Selection for S.A. Men Voices, 4/- 4d. Reporter Selections for Mixed Voices, 4/- 4d. St. Paul's Leaflets, Part II. III. IV. V. VI. 1/6 2d. Sacred Duets, 1/6 3d. Sankey's Sacred Songs and Solos, 6/- 7d. South African Senior School Song Book 9d. 2d. The Star Folio, 2/6 3d.	

F. M. CELE,
ABANTU BOOK-SELLER,
NATIVE MARKET,
VICTORIA ST.,
DURBAN,
NATAL.

(Ku MHLELI we "LANGA."

EZIHLOTSHENI, —Ngifisa ukwazisa izihlobo ukuba iButo elilungileyo lika Jesu Kristu elingu Mr. Elijah Hlanti lidhlulile emhlabeni liye eZulwini. Limuke ngo Lwesine ekuseni zingu 30 ku March ushiye inkosikazi naba fana abane nentombazane yamagcino. Impela simukelwe yindoda emadodeni. Sonke sinezinhliziyo ezibuhlungu ngokulahlekelwa kuye. Nomsebenzi wake uyamkalela. Anginakunilandisa kakulu ngomsebenzi wake; kupela nginganitshela nje ukuba ubelibuto elitembekileyo nokuti esese mhlabeni ulwile ukulwa okulungileyo kwenkosi njalo uhambe enge nama hloni okuhlangana nenkosi yake. Ubesefisa kangaka ukugoduka aye kohlala nenkosi yake ngenxa yobuhlungu abanabo ngoba pela niyszi ukuba ubesegule isikati.

Nasekuguleni njalo ube ngatuli alalele ukufa; sonke isikat'ubesebenza kona esocansini, efundisa eluleka eqondisa bonke abebonana nabo. Njengo Paul owa esebenza engalaleli ukusindwa ozankosi naye ubenjalo. Ngako noma sidabukile sikala, asikali njengabangenatemba. Kepa siyazi ukuba namhla yena usekupumuleni. Seku okwetu ukuba nati sizilungisele ukubizwa kwetu, Ukuze njengaye singabi namahloni oku hlangana nomsindisi wetu. Kuhle niku mbule Inkosikazi yake nabantwana emi tandazweni yenu kulolusizi lwabo.

Bonke abanye bakiti abalapa basa totoba. Sino Henry Pewa lapa ubeze ngabo ubuhlungu buka ninalome oze wadhlula ekona kwake, namanje useko na.

N. MNDUNA.

LUNGISELA UBUSIKA.

Woshesha ukutenga imiti yako yasebusiku. Izifo eziningi ezimbi sivinjelwe ngokuba negabha lomuti wokukohlela ka Chamberlain, etala lemiti ngenkati lidingeka.

Utengiswa yibo bonke abatengisi.

In The Native High Court. Natal.

In the cause of:—
JEMIMA Alias NOMAFA duly assisted by Umaziyehatshi, Chief Bambazi, Division of Bergville.....PLAINTIFF
...and ..
PAULOSE NDIMANDE Alias MPINI, son of Manzini Chief Ngedabana, Division of Estcourt, Natal, DEFENDANT.

To the Bailiff of the Court,—

You are hereby required to summon the above named Defendant that he appear before this Court to be holden at Pietermaritzbug, Natal, on the 18th day of May 1916, at 10 o'clock in the forenoon, with his witnesses, if he have any, to answer the claim of the Plaintiff to whom he was married according to Christian Rites at Estcourt on the 20th day of April 1910, wherein the Plaintiff claims:—

(a) A divorce a vinculo matrimonii on the grounds of wilful desertion since the month of September 1910 to the present date.
(b) Custody of the minor child born of the said marriage.
(c) Further and other relief, and
(d) Costs of suit.

Serve on the Defendant a copy hereo', and return to this Court forthwith what you have done hereon.

Dated at P. M. Burg this 18th, day of April 1916.

(SGD.) WALTER H. ACUTT.
Registrar of the Court.

CHADWICK & MILLER,
Plaintiff's Attorneys,
Estcourt, Natal.

Ukugula Kwenzintso Kuyi Ngozi Kakulu.

Kuyo yonke imizuzwana inzikana ebulalayo ingena egazini umuntu imbulale izintso zako zodwa zinga ku sindise. Zi'izihlungu ze gazi. Igazi lihamba njalo li ngenu kuzo ukuba liyo hla nzwa ngazo zonke izinsuku zintso zisusa inzikana eningi le ebulalayo (500 grs.) namanzi aisilinganiso ezi u (3 pts.) ezipuma egazini.

Kepa uma izintso zibutakataka nokuba zigula, enye yale nzikana ebulalayo esuke isele iye ingene egazini. Ube se uzwa ke udangele, ube nobutongo nje, nomhlana wa ko ube se uqala ukuba ugule nekanda liqale ukuba liku kwele, kuti imisipa namalungu abenenkwashu angenwe ikunkulo; inzikana nokuba okubulalayo kuya bonwa emanzini, nokuvuvukala okubangwa amanzi kubonakale emaqakaleni noma ngapantsi kwamehlo. Ube se udene ujwayela ukuvuka kusihlwa ukubauyoshobinga nokuba ukushobinga kube lukuni kube buhlunga.

Uma ke lezibonakaliso zidelelwa, ukonakala oku ngasokwelashwa kwenzintso ne misipa kungase masinyane kungene kona lapo. Ama Pills ka Doan omhlana neziintso akulula izintso alungise futi izito zesimo sokushobinga nje ngeminye imiti eva mile uyalungisa amatumbu enze isinye sisebenze ngoku kululeka, asuse konke okubulalayo, inzikana, namatye lobuhlungu emqolo, nekunkulo, kukipe amanzi ase ngenamkuba asuke esesisifo.

Kuwo onke amaKemisi nezitolo, ngu 3s. 3d. ngebhokisana, efsitupa ngu 17s. noma utunyelwe ungasezu koka luto lweposi ngokwemukela kwabo nani lelo abe ,iniwo ao Foster—McClelan Co., P. O. Box 1297, Cape Town.

Isaziso

Ngicela amehlo kuzo zonke izihlobo. Ngalahlekelwo ngudadewetu, intombi ka Tsholwanyana umzukulu ka Mtumtum. Igama lake lesintu ngu Kumbazana, elinye ngu Berta Mlambo. Ikaya lake laliso Fourteen Streams. Ngamgcina esese Potchefstroom. Wabonana nomfo wakwa Zulu; bati ababe naye yindodana ka Mvakwendhlu. Ngifuniseni bakiti. Ngalahlekelana naye ngo 1902.

JOHN NKOHLAKALO MBAMBO,
c/o M. J. LUMATA,
MAFEKING.

UMAQOTULA

NIYOBONA NGE NDHLOVU KUWO ONKE AMAGABHA.

NIYOBONA NGE NDHLOVU KUWO ONKE AMAGABHA.

Umuti = = Wezilo

Hartley's Oriental Vermifuge.

Umuti Obomvu Wezilo Ezibomvu, ka Hartley.

Lomuti upambili kuyo yonke imiti yezilo ekeyatolakala. Uqeda zonke ezimhlope nezibomvu zingapindi zibekona. Umtwana osanda kuzalwa, umfanele kakulu lomuti ukuba awupuze, njengoba naoadala befanelwe ukuwusebenzisa.

Ningageji ukuba naye uHARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE.

Kukona izilo abantu abangaziyo ngazo ukuba zikona kubo eziyingozi kakulu, ngoba azivami ukupuma zibonwe, impetwana enamakanda amnyama. Iyona ebanga bonke ubuhlungu nokugula, baningi abantu abafa umshubo, kepa noko kungaqondwa ukuba bajuqwa iyo lempetwana. UMAQOTULA ke, utyaya aqotule kuzona noma ingahluleka eminye imiti yena kazishiyi. Kufanele nokuba ubani, makapuze lomuti nabantabake ngoba bayotola usizo olukulu.

INANI { LEGABHA UTUNYELWA NGEPOSI ... 1/3
AMAGABHA AMATATU ,, ... 3/6
,, AYISITUPA ,, ... 6/6

Tumelani ku Mr. A. H. Todd, Red Hill, Natal.

Umvusi Budoda Endodeni

NIYOBONA NGE BHUBESI KUWO ONKE AMAGABHA.

NIYOBONA NGE BHUBESI KUWO ONKE AMAGABHA.

NEXEGU LIZIZWA SENGATI LIYIBHUNGU!!
UHLUMELELA AMANDHLA EMADODENI!!!

Ubangalala oluyizinhlamvu lwemitambo nomzimba wonke.

Lomuti wenziwe kuhloswe kona ukuba usize isilisa. Uyashesha ukubuyisela umuntu ebuntwini bake bemvelo, noma ubusulahla itemba ngokupelelwa amandhla uyashesha ukwenze uzizwe us'namandhla okwenza noma umupi umsebenzi wako kahle.

Akuko ndoda engaquba kahle emisebenzini yayo uma ingapelele ebuntwini bayo bemvelo.

Lezi zinhlamvu zisebenza isimanga ekubuyiseni ngokushesha, impilo amandhla, nenjabulo, uma sewaba sigoga esesakatazwa yizifo, noma ubungazigcinanga kahle empilweni, ekudhleni, nasekupuzeni, lomuti uyokwenza kube sengati awuzange ungene kulezonto.

Uma nga ulinge lomuti, wulinge ngesiqolo wazi kahle ukuba imali yako ayilahleki kepa ukupa impilo entsha. Lomuti utengiswa ngamagabha. INANI NGEGABHA UTUNYELWA NGEPOSI 3/9. AMATATU 10/6. Igabha lika 3/9 linezinhlamvu ongazisebenzisa amasonto amabili. Kepa into engcono ukuba uze uqede amagabha amatatu.

ONAMANDHLA KAKULU WABANEMIZI ... ... 4/9.
AMAGABHA AMATATU ... ... 13/6.

TUMELANI IPOSTAL ORDERS KU—

Mr. A. H. TODD.

(UMENZI KA MATUKULULA)

RED HILL, Natal.